Ilanga lase Natal, 9 April 1921.

NEWSPAPER: *Ilanga lase Natal*
DATE: 9 April 1921, p5.

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

# Ukufa nokungafi komuntu

**OBUYISA AMAZWI KA REV A. MAHAMBA**

Mngane, - Wena osihlelela izindaba zetu ngalo iLanga lako elinobukosi elisikanyisela kulo lonke izwe, ngicela umusa kuwe, Baba, ngifisa ukubuyisa amazwi omfundisi wakiti ose Dundee uRev. E. A. Mahamba oti umuntu ufa apele.

Hau, ngimangele impela ukuzwa amazwi kaMr. Mahamba, Kuqala umfundisi ungibuza ukuti "lemfundiso yako ibasiza ngani abantu bakiti? Ngoba baningi abalahlekelwa ukukolwa ngokupika izimfundiso zebandhla likaKristu. Lentshumayelo yako ingeke iwuvuse umpefumulo womuntu ofile emoyeni ingamniki isibindi esonweni ngoba etemba ukuti umuntu akafi apele."

Law'amazwi omfundisi ayisimangaliso esikulu kimi, songati ngiyaqala futi ukuzwa umfundisi eti kuyafiwa nya. Ngaloko ngiyabuza kuwe ukuti po, usifundisa ukuti masenzeni inxa ekuqonda ukuti kuyafiwa kupelwe? URev. E. A. Mahamba wahlukene kakulu nabanye abefundisi abasitshela ukuti akufiwa. Wahlukene kude nentshumayelo yakiti yasendulo yokuti umuntu ufa qede aguquke inyoka alondoloze abantwana bake nomndeni wakubo. Futi uRev. Mahamba wahlukene kude nentshumayelo kaKristu yokuti, "Mina ngingukuvuka nokuhlala. Otemba kimina nonxe efa uyakuhlala; lowo ohlezi etemba kimina kayikufa njalonjalo." Umfundisi uyampikisa uJob owati "Ngiyazi ukuti ukona onami, nokuti uyakuma emhlabeni ngosuku oluzayo. Nonxa kungati izimpetu sezidhle isikumba sami, nonxa seauqeda lomzimba kanti ngisesenyameni ngizombona uNkulunkulu ngimbone uqobo lwami ngitsho amehlo ami ambuke, angitsho awomunye umuntu."

URev. Mahamba uyawapika impela amazwi omPostoli asiduduza ngawo okuti: "Po, bayakwenzani ababapatiselwe abafileyo, inxa impela abafileyo bengavuswa? Inxa eEfeso ngaka ngalwa nezilo, . . . kungisizani inxa abafileyo bengavuswa na? Asidhle ke sipuze, ngoba ngomuso sizokufa."

Name ngiyabuza kuwe mfundisi, ngiti, Njengoba wena wazi ukuti umuntu ufa apele nje, po, uzihlupelani ngokuti ululeka abantu imihla namalanga ngokuziqoba kwako kuti uyafundisa? Ubafundisa ubatshele ukutini loku kanti wena uyalandula uti koti ukudhlula kwetu kulomhlaba sipele?

Bheka mfundisi wami, anoti nimpendula nje umuntu entshumayelweni yake nibe niwabukisisile amazwi awakulumayo, ningasimze nitatwe lihlombe njengoNhlazane. Nakuke seutsho uti “Imfundiso kaKristu ivusa abantu abafile esipambukweni nasezonweni. Kanti nawe uyazi ukuti abantu bayavuswa. Angazi kodwa ukuti wena uti bavuswa bepi.

Izwi engilikulumile mina, ungiqinise ngalo ngati nqi ngite “Umuntu kafi apele.” Angikulumi ngesidumbu somzimba wake, ngikuluma ngomuntu opakati kwesidumbu oyena ufuze uNkulunkulu esikuluma singenako ukumbona. UmPostoli nabaProfeti bonke kabakulumi ngomzimba lo esinawo, bakuluma ngomuntu ongabonwayo. Izwi lami engilikulumayo akusilo elezibhalo lezo enizishaya igugu kungeloku azikulunywanga ngabantu abanjengani. Ngiti mina uMenzi usidale ukuba nati sizibonele esiyiko, ngati: Umuntu wadalwa isidumbu sake ngokufuzisa umhlaba esidalwe ngawo. Ngakomba amanzi nelanga nemiti notshani nako konke okukuwo. Ngakomba umoya ovunguzayo esingewubone ngamehlo etu. Emveni kwaloko ngabeka elokuti: Umuntu uyehla enyuke njengelanga namanzi kayikupela uyakuhlala ekona njalo kasoze apela. Ngati: uNkulunkulu usebenza imihla yonke, kapumuli, inxa epumula kungaciteka konke loku akudalileyo.
Nanko-ke awami. Ngipendule-ke Mfundisi, ngizwe.

Yimina
MAGEMA M. FUZE.